PARLIAMENT
OF THE REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

ZWAKALISA UVO LWAKHO

UMTHETHOSIVIVINYWA WOKUCHIBIYELA IMITHETHO EHLONGOZWAYO YOKUTHELISA (TLAB) 2018 KANYE NOMTHETHOSIVIVINYWA WOKUCHIBIYELA IMITHETHO EHLONGOZWAYO YOKUPHATHWA KWENTELA (TALAB) 2018.

Izethulo neziGcawu zoMphakathi

The Standing Committee on Finance invites stakeholders and interested parties to submit written submissions on the 2018 Draft TLAB and 2018 Draft TALAB. IKomidi Elingaguquki kwezeziMali limema ababambiqhaza nezinhlangano ezinentshisekelo ukuba bathumele izethulo ezibhaliwe nge-TLAB Ehlongozwayo yangowe-2018 kanye ne-TALAB Ehlongozwayo yangowe-2018.

Iziphakamiso ezinkulu zentela eziqukethwe ku-TLAB Ehlongozwayo yangowe-2018 yilezi:

- Ukuhlinzekela ukuguquguquka kwendlela yokuphathwa kokudluliswa kanye nokukhishwa kwezimali esikhwameni somhlalaphansi;
- ukwethula ukungafakwa kwenzuzo eseceleni kubasebenzi abahola kancane abathola imalimboleko kubaqashi babo ukuze bathole izindlu ezibiza kancane;
- Ukubuyekezwa kokungafakwa kwemali yokuthumela kwamanye amazwe ngenhloso yokunika ithuba ukusetshenziswa kweminye imikhumbi;
- Ukunciphisa isikhathi sokunqamula izintambo zikagesi zokuxhumana;
- Ukulungiswa nokucaciswa kokushintshwa kwesikweletu sibe ukulingana;
- ukulungiswa kokuxhumana phakathi kwemithetho yokulwa nokugwema ukwehlukaniswa kwezinzuzo kanye nemithetho yokuhlelwa kabusha kwenkampani;
- ukufaka imithetho ekhuluma ngokusetshenziswa kwezisisi njengendlela yokubalekela intela noma ukunika igama elisha uhlobo lwemali yakho engenayo; kanye
- Nokwethulwa komthetho wokuchaza imali engenayo yontaka owodwa ngezimali ezitholakale kumaphothifoliyo ezinhlelo zokutshala imali ngokuhlanganyela ukuze kube nokuqiniseka futhi kunciphe amathuba okuhlukumezeka.

Iziphakamiso ezinkulu zokuphathwa kwentela eziqukethwe ku-TALAB Ehlongozwayo yangowe-2018 zimayelana:

- ukususwa kwezidingo zokuthumela imbuyiselo yentela kubantu abathola izinzuzo ezingabanjelwa intela;
- ukungavinjelwa kokuchitshiyelwa kwentela yempahla yakuleli;
- Ukucaciswa kokungaphathwa ngendlela kwama-invoyisi okubuyiselwa kwezimali zentelontengo; kanye
- Nokuvumela ukuqoqwa kwezimali ezikhokhela intelontengo ukuthi kusebenze kuwo wonke amagatsha neminyango.

Izigcawu zomphakathi zizobanjelwa ePhalamende ngoLwesibili, mhla zingama-21 kuNcwaba wezi-2018.

Izethulo nezicelo zokwenza izethulo ngomlomo kumele kufike lingakadluli ihora le-12:00 emini ngoLwesihlanu, mhla ziyi-17 kuNcwaba wezi-2018.

Izethulo kumele ziqondiswe koNobhala bamaKomidi, **Nk Teboho Sepanya**, 3rd Floor, 90 Plein Street, Cape Town, 8000 noma **tsepanya@parliament.gov.za** ucingo **(021) 403-3738** kanye no**Mnu Allen Wicomb**, 3rd Floor, 90 Plein Street, Cape Town, 8000 noma **awicomb@parliament.gov.za** ucingo **(021) 403-3759.**

Ikhishwe uMhlonishwa YI Carrim, iLungu lePhalamende, uSihlalo: weKomidi Elingaguquki kwezeziMali (eNdlini yesiShayamthetho).

Parliament. Making Democracy Work

www.parliament.gov.za